**KWAZULU-NATAL PROVINCE**
**TRANSPORT**
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**Isimemezelo esiphuthumayo ngenkonzo yoMngcwabo ebizoba seNkandla, eMahlayizeni**

05 January 2025

Inkosi Mhlabunzima Maphumulo House: Namhlanje usuku olunzima emndenini eshiwe ngoMama, oSisi, oAunti kanye noGogo babo eNkandla engozini yetekisi.

Kusukela kwenzeke lengozi enyantisa igazi, uNgqongqoshe wezokuThutha nokuHlaliswa Kwabantu uSiboniso Duma kanye nezisebenzi zominyango bebelokhu beseduzane nemindeni.

uNgqongqoshe uyivakashele yonke imindeni ukuyiduduza waphinde waxhumana nayo futhi kuhlelwa inkonzo yomngcwabo nokufihlwa kwabathandiwe.

Kuyadabukisa kakhulu ukuthi namhlanje uMnyango ngeke ube yingxenye yoMngcwabo ngenxa yezingqinamba ezilandelayo.

1. Imindeni iveze ukuthi bayalelwe ngolibamba likaMeya KaMasipala eNkandla uKhansela NFJ Nzuza ukuthi bangalibhadi enkonzweni enkulu yomngcwabo kodwa bazifihlele bona emakhaya ngabodwana.

2. UMphakathi nawo uyalelwe ukuthi ungalibhadi enkozweni ehleliwe.

Kungokokuqala emlandweni ukuthi uMnyango ubhekane nesimo esinjena.
Yize umnyango uyixhasile imindeni ukuze ifihle kahle, ukuze abathandiwe bafihlwe ngesizotha ngaphandle komsindo, uMnyango uqoke ukubeka inhlonipho phambili utshengise ukuzotha.

Lena yimiyalelo kaNgqongqoshe uSiboniso Duma ophukelwe ngumoya ngenxa yalomyalelo othi imindeni nomphakathi bangabi yingxenye yenkonzo ebihleliwe.

Ngenkulu inhlonipho, sifisa ukuxolisa emindenini, emphakathi kanye nabefundisi nabazalwane abebelokhu bethandazela imindeni.

Singumnyango sigwema ukunqakisana ngamazwi ngoba imindeni ihlezi emanzini.

uNgqongqoshe udlulise amazwi enduduzo awacaphuma ebhayibhelini:-

**KwabaseKorinte 1:3-4**

Makabongwe uNkulunkulu noYise weNkosi yethu uJesu Kristu. UYise wobubele, UNkulunkulu wenduduzo yonke, osiduduza osizini lwethu lonke, ukuze nathi sibe namandla okududuza abasosizini, nolunjani ngenduduzo esiduduzwa ngayo nathi nguNkulunkulu.

Iyaphela

Ikhishwe nguMnyango wezokuThutha nokuHlaliswa kwaBantu
Ndabezinhle Sibiya | 082 375 4742 | Okhulumela uNggqongqoshe